



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE
KUSIYABAKHUMBULA EHARDING MHLAKA 12 APRIL 2009**

Nginyanibingelela nonke

- NjengoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal, enye yezinto esibekelwe zona ukwakha isimo esiphephile emigwaqeni ngokuthi sehlise izingozi nokufa kwabantu emigwaqeni yalesi sifundazwe.
- Kuyakhuthaza-ke ukuthi sihlange sibe baningi kangaka namhlanje nabaholi bezenkolo ngokwehlukana kwabo sizothandaza ndawonye sinxuse uMdali ukuba angenelele asilekelele emikhankasweni yethu yokulwa nezingozi zomgwaqo.
- Sasilapha mhlaka 21 December ngonyaka odlule size enkonzweni yomngcwabo wabantu abayisikhombisa abashona engozini yomgwaqo. Sasikade sikhona futhi ezinyangeni ezinhlanu ngaphambi kwalokho enkonzweni yesikhumbuzo sabantu abayisikhombisa futhi ababeshone engozini yomgwaqo kule ndawo. Ngiyazi ukuthi kwabanye kuzwakala kuyizibalo nje kodwa akuzona izibalo ezifayo, sikhuluma ngabantu lapha.
- Sathi uma sikhuluma neNkosi uXolo kuleyo nkonzo sabona kubalulekile ukuthi sibize le nkonzo yokukhumbula abasishiyile, kodwa ikakhulukazi sikhulekele ukungenelela koMdali.

- Amabandla ezenkolo ayinsika ebalulekile emphakathini wethu njengoba ebambe iqhaza ekwakheni indlela yokuziphatha komphakathi. Sidinga ukugqugquzela bonke abasebenzisa umgwaqo ukuthi babambe iqhaza ekuguquleni indlela yokuziphatha uma besemgwaqeni, ukuze sonke sibe yingxenywe yesixazululo.
- Asikwazi ukumela ukuqhubeka nokulahlekelwa ngabantu abangu-40 kuthi abangu-140 balimale kanzima nsuku zonke. Akugcini nje ngokuthi kube nobuhlungu obungefaniswe kwathintekile nemindeni yabo, kodwa kudla nemali yabakhokhi bentela ebaelwa kuR56 billion ngonyaka.
- Ucwangingo ngembangela enkulu yezingozi luveza ukuthi ijubane, utshwala, ukukhathala, ubudedengu izimoto ezingekho esimweni, abahamba ngezinyawo nokuziphatha kabi kwabasebenzisa umgwaqo jikelele yizona izinto ezidinga ukubhekwa kakhulu.
- Into embi ngalezi zingozi ngokuthi zibulala abantu abanesandla emnothweni. Abantu abashayela izimoto nabahamba ngezithuthi zomphakathi basuke bengabasebenzi futhi kunabantu abathembele kubona. Enye into ngokuthi umthelela wokufa kwabantu ubonakala kubantu abasuke sebesele ngemuva.
- Kodwa sisangawenza umehluko emigwaqeni yethu uma sibambisana sizibophezele sonke kwesikwenzayo. Njengabashayeli kumele siqikelele ikakhulukazi uma siphethe izimpilo zabantu. Njengabagibeli kumele siqikelele ukuthi sihamba ngezithuthi eziphephile ezisemthetweni, singazifaki thina ezimweni zokuhlukumezeka.

- Kule minyaka edlule sesiqhamuke nokuningi okunegalelo kwezomgwaqo:
 - Ukwehliswa kwezinga lotshwala kubashayeli lisuka ku-0.05 laya ku-0.02.
 - Isibalo samaphoyisa senyuswe sasuka ku-350 saya ngaphezu kuka-900.
 - Ama-Booze Bus asabalaliswe isifundazwe sonke.
 - Kuthengwe umshini i-brake roller tester

- Muva nje, okokuqala KwaZulu-Natal sethule ubuchwepheshe be-Automotive Number Plate Recognition (ANPR). Lobu chwepheshe bukwazi ukufunda i-number plate yemoto emile noma ehambayo bese kuvela konke okungalungile ngayo.

- Sengiphetha, ezokuphepha emgwaqeni zingumthwalo wethu sonke kanti kuyacaca ukuthi ziphonsela inselelo nakwezikamoya. Ngakhoke nginxusa bonke abaphathi bamabandla ukuthi baqinisekise ukuthi ezokuphepha emgwaqeni zifakwa ezindabeni zikamoya ngoba vele lapha sikhuluma ngokufa nokuphila.

- Okokugcina, masiqhubeke nokukhuleka singaphezi ndawonye ukuze sibe neNingizimu Afrika ephephile engenazo izingozi.

Ngiyabonga